# Uphulwe izinzwane 'etaxwa' ngezinsolo zokweba imfuyo

LUNGI LANGA

UHAMBA ngezinduku umlisa waseMpangeni othi ushaywe ngenduku ngamalungu eqembu elilwa nokwebiwa kwemfuyo, iSikebhe, aze amphula izinzwane emsola ngokweba imfuyo.

UMnuz Thandizwe Mthembu (43) waKwaSomopho, eMpangeni, uthe ushaywe amalungu eSikebhe emsola ngokweba imfuyo yelinye ilungu lomphakathi. Uthe waze walanyulelwa ngumakhelwane wakhe naye oyilungu leSikebhe. UMthembu uthe waya emhlanganweni weSikebhe ngeSonto eledlule ethi uyogeza igama lakhe engazi ukuthi uzohlaselwa.

Ngokusho kwakhe lokhu kwenzeka ngoba esolwe elinye ilungu lomphakathi ngokweba imfuyo yalo.

"Ilungu lomphakathi labikela amalungu eSikebhe lathi lingisola ngokweba imfuyo yalo ngesikhathi kunomcimbi wokusethula ngokusemthethweni ekupheleni kuka-Okthoba kulo nyaka. Ngitshelwe ababesemcimbini ngase ngiya kulo ngiyobuza ukuthi kungani lingaqalanga kimi nezinsolo zalo. Lathi lavinjwa wukuthi umuntu owayelitshelile wayeselibalekela engasafuni ukukhuluma," kusho uMthembu.

Uthe wadlulela enduneni yangakubo wayobika ukuthi akaneme ngokwenzekile kodwa induna yathi akayohlanza igama lakhe emalungwini eSikebhe.

UMthembu uthe waya kusihlalo weSikebhe esigodini sakhe wamtshela ukuthi akafike emhlanganweni owawusezinkundleni zemidlalo eNdlangubo ngeSonto ngoNovemba 13.

"Ngaya emhlanganweni ngoba ngithi ngiyogeza igama lami kodwa kwathi uma ngifika banginika umbhobho bathi angisho igama lami nesigodi engiphuma kuso. Kuthe ngiqeda ukusho igama, isibongo nesigodi bangibamba bangibopha ngentambo ezinyaweni bangihudula. Bangise esikoleni esiseduze nezinkundla zemidlalo nokuyilapho bengibophele ophahleni bangilengisa ngezinyawo kwelinye lamakilasi. Bangishaya ngaphansi kwezinyawo ngezinduku bashintshana ngami cishe ihora nemizuzu ngaphezulu," kusho uMthembu.

Uthe waphuka izinzwane wadabuka nangaphansi kwezinyawo kwaba yima ebuzwa ukuthi uyazi yini ukuthi ushayelwani.

Uthe amalungu eSikebhe abuye ambuyisela ezinkundleni zemidlalo nokuyilapho amshiya khona engakwazi ukuhamba.

UMnuz Selby Zulu, ongusihlalo weSikebhe KwaSomopho, uthe uyazi ngodaba lukaMthembu.

"Engikwaziyo ukuthi akekho umuntu oshaywayo kwiSikebhe kodwa ngeke silukhulume lolu daba emaphepheni ngoba lubucayi," kusho uZulu.

